Isifundo 1

**March 25-31*

Ukuthi UPetro Ungubani

ISabatha Emini

Kuleliviki Funda:

Luka 5:1–11; Mat. 16:13–17; Mat. 14:22–33; Luka 22:31–33, 54–62; Gal. 2:11–14.

Indimana Yekhanda:

“Kepha ebona umoya wesaba; eseqala ukushona wakhala wathi, ‘Nkosi ngisindise!’ Masinyane uJesu walula isandla, wambamba, wathi kuye, ‘Awu wena onokholo oluncinyane, ungabazeleni na?’ ” (Matthew 14:30, 31, NKJV).

UPetro ngumlobi wezincwadi ezimbili (1 no 2 Peter) Ezinegama lakhe. Wayengomunye wabalandeli bokuqala bakaJesu; wahlala noJesu ngesikhathi sokusebenza kweNkosi lapha; futhi ungomunye wabafundi bokuqala ukubona ithuna elingenamuntu. Ngalokho uPetro wayenamava acebile, ngokuphefumulelwa nguMoya oNgcwele, ayengatomula kuwo ukuze alobe lezizincwadi ezinamandla. “Ngokuba sasingalandeli izinganekwane zobuqili, lapho sinazisa ngamandla nokufika kweNkosi yethu uJesu Kristu, kodwa sasingabawabonayo amandla obukhosi Bakhe” (2 Pet. 1:16, NASB). Uvamile ukuvela uPetro kumaVangeli, embula ukunqoba nokwehluleka kwakhe. Wayevame ukuba ngumkhulumeli wabafundi ekuxhumaneni kwabo noJesu. Ngemuva kovuko nokwenyuka, uPetro waba ngumholi ogqamile webandla lokuqala. Incwadi yeZenzo ikhuluma ngaye, Njengalokhu neyamaGalathiya yenza. Okusemqoka kunako konke, uPetro wayazi ukuthi Kuyini Ukwenza amaphutha, ukuthethelelwa, kanye ngokuqhubeka ngokholo nangokuzithoba. Ebe namava ngokwakhe omusa kaNkulunkulu, uba yizwi elinamandla lethu sonke esidinga ukuba namava alomusa ofanayo.

**Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha lika-April 1.*

Suka Kimi!

Lapho siqala ukuhlangana noPetro, wayengumdobi Olwandle lwaseGalile (Mat. 4:18, Marko 1:16, no Luka 5:1-11). Wayekade esebenze ubusuku bonke engabambi nhlanzi. Kepha yena nabalingani bakhe balalela umyalelo kaJesu wokubuyela echibini bayozama futhi. Wamangala kakhulu uPetro kanye nabanye lapho bebamba izinhlanzi eziningi kangangokuba imikhumbi yabo yaqala ukucwila. Engabe babecabangani ngemuva kwalesi simangaliso na?

Funda uLuka 5:1-9. Amazwi kaPetro kuJesu kuLuka 5:8 asitshelani ngaye na. Okungukuthi, sitholani ngakwezikamoya zakhe uPetro na?

_____

_____

_____

Kusenokuba uPetro wayethathekile ngalokho ayekwazi ngoJesu. Nangaphambi kwalesisimangaliso, ngenkathi uJesu etshela leliqoqwana ukuba lehlise iminatha, uPetro—nakuba engathembi ngoba bengabambanga lutho—nokho wathi: " 'ngokwezwi Lakho ngiyakuwehlisa umnatha' " (NKJV). Kubukeka sengathi Kukhona ayekwazi uPetro ngoJesu, futhi lolulwazi lwamqhuba ukuba alalele. Nembala, ubufakazi buveza ukuthi uPetro wayesebe noJesu isikhashana ngaphambi kwalesisigameko. Mhlawumbe okunye okungasikhanyisela kukuLuka 5:3, okhuluma ngokwenzeka ngaphambi kwalesisimangaliso sezinhlanzi. "Kwathi Yena [uJesu] esengene komunye wemikhumbi ongokaSimoni, wamcela ukuba asuke kancane emhlabathini. Wahlala phansi wabafundisa abantu esemkhunjini" (NKJV). Mhlawumbe amazwi kaJesu lapho ayemthinte kakhulu uPetro. Nakuba kunjalo, ngemuva kwalesisimangaliso, uPetro waba nomuzwa wokungaphezulu kuJesu, okuthile okungcwele okwakuphikisana nokuba yisoni kwakhe. Ukuzibona kwakhe eyisoni uPetro, kanye nokuvuma kwakhe ukukuvuma obala, kuveza indlela ayevuleleke nganyo eNkosini. Akumangalisi ukuthi abe ngobiziwe! Nakuba amaphutha akhe enjani, futhi ayemaningi, uPetro wayeyindoda yezikamoya eyayikulungele ukulandela iNkosi, nakuba kungenzekani.

Funda uLuka 5:11. Yisiphi isimiso esibucayi lapha na? Lendimana isitshelani ngokuzinikela uJesu akufunayo kithi na? Kumele futhi isitsheleni ngalokho lababadobi ababezimisele ukushiya iminatha egcwele izinhlanzi na?

_____

_____

Ukuvuma UKristu

Esinye sezikhathi ezinkulu kunazo zonke endabeni kaJesu senzeka ngenkathi ekhulumisana noPetro. UJesu wayekade esanda kuxoxisana nabanye ababhali kanye nabaFarisi ababekade bemphosela inselele yokuba enze isibonakaliso, okuthile kokuba aqinise ukuthi wayengubani (buka uMat. 16:1-4). Kwathi emuva kwalokho, eseyedwa nabafundi Bakhe, uJesu wakhuluma ngezimangaliso ezimbili ayezenzile, lapho kabili wayondle izinkulungwane ngezinkwa nezinhlanzi ezimbalwa. Wakwenza konke lokhu kwindikimba yokuxwayisa abafundi Bakhe "ngemvubelo yabaFarisi nabaSadusi" (Matt. 16:11).

Funda uMathewu 16:13–17. Kwenzekani lapha na? Kuyini ukubaluleka kwamazwi kaPetro kuJesu na?

UPetro lapha wakhuluma ngeqholo ngokholo lwakhe kuJesu. Futhi kusobala ku-Mathewu 16:20 ukuthi ukuvuma kwakhe uKristu njengoMesiya kwakuhambisana nokwabanye, ngokunjalo. Lokhu kwakuzoba yinguquko ekusebenzeni kukaJesu, nakuba abafundi, kufaka noPetro, babesazofunda okuningi. "Abafundi babesalindele ukuba uKristu abuse njengenkosana yalapha emhlabeni. Nakuba ayeyifihlile inhloso Yakhe, babekholwa ngukuthi wayengezukuba mpofu futhi azifihle njalo; isikhathi sasesisondele lapho ayezosungula khona umbuso Wakhe. Ukuthi izondo yabapristi norabi yayingeke iphele, nokuthi uKristu uKristu wayezolahlwa yisizwe Sakhe, abhecwe njengomkhohlisi, futhi abethelwe njengeselelesi,--lomcabango awuzange ufike kubafundi."—Ellen G. White, *The Desire of Ages*, p. 415. Lapho nje abafundi bevuma ukuthi uJesu unguMesiya, uJesu uqala ukufundisa ngokuthi kumele ahlupheke futhi afe (buka uMat. 16:21-23), umqondo uPetro ayengawamukeli. UPetro uze "athethise" uJesu. UJesu abe esebuka uPetro athi, " 'Suka emuva Kwami, Sathane' " (Mat. 16:23, NKJV). Lokhu ngenye yezinto ezinesihluku kunazo zonke Ake wazisho kothile ngenkathi elapha emhlabeni; kepha, wakwenzela ukuba kulunge kuPetro. Amazwi kaPetro aveza izifiso zakhe, ubugovu bakhe ngalokho ayekufuna. Kwafuneka ukuba uJesu amkhuze kusashisa, khona lapho (futhi nakuba empeleni uJesu wayekhuluma noSathane, uPetro wawufumana umyalezo). Kwakufuneka ukuba uPetro afunde ukuthi ukusebenzela iNkosi kwakuzohambisana nokuhlupheka. Ukuthi wasifunda lesosifundo kusobala ekubhaleni kwakhe kamuva (buka u-1 Pet. 4:12).

Kuvame kangakanani ukuba izifiso zakho zishayisane nalokho owaziyo ukuthi uNkulunkulu ufuna ukwenze na? Unquma kanjani ngokumele ukwenze kulezozimo na?

Ukuhamba Phezu Kwamanzi

Ngesikhathi sabo benoJesu, abafundi Babona izimangalso eziningi, nakuba zimbalwa ezingaqhathaniswa nezigameko ezichazwa kuMathewu 14:13-33, Marko 6:30-52, noJohane 6:1-21. UJesu wasebenzisa izinkwa ezinhlanu kanye nezinhlanzi ezimbili ukondla abantu abangephezulu kuka-5,000. Futhi, kungabe yini ababeyicabanga emuva kokubona lokhu na?

Funda uMathewu 14:22-33. Yimuphi umyalezo osemqoka esiwuthola kulendaba ongasisiza ohambweni lwethu neNkosi na?

Ngokondliwa kwezixuku, lamadoda ayebone amandla kaJesu ngendlela emangalisayo. Nembala wayelawula indalo. Kusenokuba yikho lokhu okwenza ukuba uPetro enze isicelo esinesibindi: “Nkosi, uma kunguWena, ngiyaleze ukuba ngize Kuwe phezu kwamanzi” (Matt. 14:28, NKJV). Bheka ukubonakalisa ukholo okungaka! UJesu waluvuma ukholo lwakhe futhi watshela uPetro ukuba eze, lokho wakwenza, okunye ukubonakalisa ukholo kukaPetro. Kwakungaba ngokunye ukuhamba phezu kwamanzi lapho ezothile, Kepha uPetro wakwenza lokho kunesiphepho. Isifundo esivamile kulendaba simayelana nokususa amehlo ethu kuJesu. Kodwa kunokuningi. Ngokuqinisekile uPetro wayethembele kuJesu, kungenjalo ngabe akazange asenze lesisicelo futhi athathe isinyathelo ngaso. Kepha, esesithathile isinyathelo, wesaba, futhi kulokho kwesaba waqala ukuminza. Ngani na? UJesu wayengakwazi na ukumgcina angacwili uPetro nakuba wayesaba? UJesu, nokho, wavumela ukuba uPetro afinyele ezingeni lokungakwazi ukuzenzela ngaphandle kokuba akhale, “Nkosi ngisindise!” (Mat. 14:30, NKJV). UJesu wayeselula isandla futhi wenza Njengalokhu uPetro ecelile. Ukuthi “uJesu welula isandla wambamba,” (Mat. 14:31, NKJV), ebe wayengakwazi ukumngcina angacwili ngaphandle kokumbamba, nembala kwasiza uPetro ukuba abone okwakusamele akufunde ngokuncika kuJesu. Singaqala sinokholo olukhulu, sithembele kumandla eNkosi yethu, Kepha kuthi uma isimo siqala ukwesabisa, kumele sikhumbule amazwi kaJesu kuPetro: “ ‘Awu, wena wokholo oluncinyane, ungabazeleni na?’ ” (Matt. 14:31, NKJV).

Ukuphika Inkosi Yakhe

Funda uLuka 22:31-34, 54-62. Zifundo zini esingazifunda ekwehlulekeni kukaPetro na?

Izinhloso zikaPetro zazinhle. Futhi, eqinisweni, wayebonisa isibindi ukwedlula abanye abafundi. Walandela uJesu ukuze abone ukuthi kwakuzokwenzekani Kuye. Kepha ngokwenzenjalo, wanquma ukuzifihla ukuthi Ungubani ngempela. Lokhu kumelana nesimo, lokhu kuchezuka endleni efanele, kwamholela ekuphikeni iNkosi yakhe kathathu, Njengalokhu uJesu ayemxwayisile. Lendaba kaPetro lapha iyadabukisa futhi inesifundo mayelana nobungozi bokuvumelana nesimo. Njengoba sazi, umlando wobuKristu ungcoliswe yimiphumela emibi yalokho okwenzeka lapho amaKristu ethambisa iqiniso elibucayi. Nakuba impilo ngokwayo ivame ukuba novumelana nesimo, futhi ngezinye izikhathi kumele sizimisele ukuvumelana nesimo, kumaqiniso abucayi kumele sime siqine. Njengesintu, kumele sifunde ukuthi yiziphi izinto okungamele sizithambise, noma kungaphansi kwasiphi isimo (buka, Samb. 14:12). Ngokuka Ellen G. White, ukuvumelana nesimo kukaPetro kanye nokwehluleka kwakhe kwaqala e-Gethsemane ngenkathi, kunokuba akhuleke, walala, kwathi ngalokho wangaba ngolungile kwezikamoya ukubhekana nokwakuzokwenzeka. Ukube wayethembekile ekukhulekeni, wabhala, "wayengeke ayiphike iNkosi yakhe."—*The Desire of Ages*, p. 714.

Yebo, uPetro wehluleka kabuhlungu. Kepha nakuba kukukhulu ukwehluleka kwakhe, Umusa kaNkulunkulu mukhulu kunalokho. "Kepha lapho kwavama khona isono, Umusa wavama kakhulukazi" (Rom. 5:20, NKJV). Kwakuyintethelelo kaJesu eyenza ukuba uPetro abe ngomunye wabaholi abaqavile bebandla lokuqala lamaKrsitu. Ewu isifundo esinamandla kithina sonke ngeqiniso lomusa kaNkulunkulu. Ewu isifundo kithina sonke sokuthi, nakuba sehlulekile, kumele siqhubeke ngokholo! Yebo, uPetro wayazi ukuthi kusho ukuthini ukuthethelelwa. Wayezazela ngokwakhe ukuthi ivangeli lalimayelana nani ngoba wayebe namava, hhayi kuphela ngobunjalo besimo sakhe sesono kodwa ngobukhulu nokudepha kothando nomusa kaNkulunkulu ngakwizoni.

Singafunda kanjani ukuthethelela labo abasidumaze kakhulu njangalokhu uPetro adumaza uJesu lapha na?

UPetro Njengomholi Webandla

Ngesikhathi sokusebenza kukaJesu, uPetro wayevame ukuthatha iqhaza lokuba ngumholi wabafundi abangu-12. Wayevame ukuba yisikhulumi sabo. Lapho uMathewu ebiza uhla lwabafundi, uthi "owokuqala, . . . uPetro" (Mat. 10:2). UPetro wathatha indawo egqamile ebandleni lokuqala. KwakunguPetro owathatha iqhaza lokwenyula umfundi endaweni kaJudas Iscariot, owakhaphela uJesu (Zenzo 1:15-25). Ngosuku lwePentekosti, kwakunguPetro owachazela izixuku ukuthi zazibona isithembiso SikaMoya, uthelwa nguNkulunkulu phezu kwabantu Bakhe (Zenzo 2:14-36). KwakunguPetro, owathi, lapho eboshelwa ukukhuluma ngokuvuka kwabafileyo, owakhuluma nompristi omkhulu kanye nabaholi bamaJuda (Zenzo 4:1-12). KwakunguPetro owaholelwa ku-Cornelius, oweZizwe owokuqala ukwamukelwa njengomlandeli kaJesu (Zenzo 10:1-48). KwakunguPetro owavakashelwa nguPawule izinsuku ezingu-15 ngenkathi uPawule eza eJerusalema emuva kokuphenduka kwakhe (Gal. 1:18). Nembala, echaza ngesigungu sabalandeli bakaJesu eJerusalema ngalesosikhathi, uPawule uphawula "izinsika" Ezintathu zebandla: uPetro, Jakobe umfowabo kaJesu, kanye noJohane umfundi oyintandokazi (Gal. 2:9).

Funda abaseGalathiya 1:18, 19; 2:9, 11–14. Lezizahluko zisitshelani ngoPetro, nakuba wayegqamile kakhulu ebandleni lokuqala na?

_____

_____

Nakuba engumholi, futhi engobizwe yiNkosi (uJesu watshela uPetro, "Yondla izimvu Zami" [Johane 21:17]), nakuba kunguye owanikezwa umbono ngokuthi angathi "othile unechilo noma ungcolile" (Zenzo 10:28), uPetro wayesadinga ukukhula. Ezinsukwini zokuqala zebandla lokuqala, cishe onke amaKristu ayengamaJuda, iningi labo "beyizishisekeli zomthetho" (Zenzo 21:20, NKJV). Ekuhumusheni kwabo umthetho, ukudla nabezizwe kwakuyinkinga ngoba abeZizwe babethathwa njengabangcolile. Lapho amanye amaKrsitu angamaJuda efika evela eJerusalema kuJakobe, uPetro Wayeka ukudla nabesizwe e-Antioch. KuPawule lokhu kuziphatha kwakuhlasela ivangeli uqobo. Wabuka izenzo zikaPetro njengokuzenzisa futhi wangesaba ukumelena naye kulokho. Eqinisweni, uPawule wasebenzisa lelothuba ukugcizela imfundiso esemqoka yenkolo yobuKristu: ukulungisiswa ngokholo kuphela (bheka kuGal. 2:14-16).

Nakuba ebizwa nguNkulunkulu, uPetro wayesenezibazi okwakumele zilungiswe. Siphendula kanjani lapho abanye bezama ukukhombisa "izibazi zethu" na?

_____

_____

Cabanga Kabanzi:

Ellen G. White, *The Desire of Ages*, “The Call by the Sea,” pp. 244–251, “A Night on the Lake,” pp. 377–382. Kusukela ekuvumeni ukuba yisoni kwakhe umdobi kuye ekumemezeleni ukuthi uJesu “ ‘unguKristu, indodana kaNkulunkulu ophilayo’ ” (Mat.16:16, NKJV) kuze kufike ekuphikeni kwakhe iNkosi yakhe kanye nokunqoba kanye namaphutha akhe Njengomholi abandleni, uPetro nembala wayengungqa phambili. Ngalokho, ngaphansi kokhuphefumulelwa okunganasici kukaMoya oNgcwele, wakwazi ukubhala lokho akubhala, hhayi ngokolwazi kepha nangamava. Wayengazi nje kuphela Umusa osindisayo kaKristu kepha nomusa Wakhe oguqulayo, ngokunjalo: “Ngaphambi kokuwa kwakhe [uPetro] wayeyithatha futhi enguzwi lakhe, ekhulumela futhi. Njalo wayelungisa abanye futhi ekhuluma lokho okusengqondweni yakhe ngaphambi kokuba asazi yena ngokuphele noma ahlaziye lokho ayezokusho. Kepha uPetro waguquka, futhi loPetro oguqukileyo wayehlukile kunalowo oyithatha. Nakuba wayesenogqozi, Umusa kaKristu wawusulawula intshisekelo yakhe. Kunokuba abeyithatha, azethembe, azikhukhumeze, wayezothile, elawulekile, futhi efundiseka. Wayesengakwazi ukondla amawundlu kanye nezimvu zomhlambi kaKristu.”—Ellen G. White, *Testimonies for the Church*, vol. 5, pp. 334, 335. Ngubani phakathi kwethi ongaziboni lapha kuPetro na? Ngubani ongakaze amele ukholo lwakhe na? Futhi ngubani ongakaze ehluleke na?

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Kukutshelani ngomusa kaNkulunkulu ukuthi nakuba esemphike kangaka uJesu, uPetro wabamba iqhaza elikhulu nelibalulekile hhayi kuphela ebandleni lokuqala kepha enkolweni yobuKristu uqobo na? (Empeleni, wabhala ingxenye yeTestamente Elisha.) Zifundo zini esingazithatha ekubuyiselweni kwakhe ngendlela okumele siphathe labo, ngendlela yabo, abayidumazile iNkosi na?

2. Eklasini, khulumani kabanzi ngezingozi zokuvumela isimo kwebandla. Singazazi kanjani izinto esingathambisa kuzo, kanye nezimo okungamele sithambise kuzo na? Yiziphi izibonelo esingazithola zokuvumela isimo emlandweni Webandla ezaholela engozini na? Singafunda ziphi izifundo kulezizigameko na?

3. UPetro wafunda izifundo ezithile kalukhuni. Ngokubuka amaphutha akhe, singazifunda kanjani izifundo kodwa ngendlela elula kunekaPetro na?

Notes